




I-inthanethi ikuvulela ithuba lokufunda, ukuthenga, ukudlala imidlalo futhi uphinde ukhulume nabangane bakho njengokwejwayelekile.

Ngokunjalo, i-inthanethi ingaphinde ibe nobungozi ezinganeni.


Imbangela yalokhu ukuthi kukhona abantu abangalungile abasebenzisa i-inthanethi ngezizathu ezingezinhle.



Nazi izinhlobo zabantu abangalungile abanokusebenzisa i-inthanethi:

- Abantu abangamasela abanokuntshontsha imininingwane yakho.
- Iziquhwaga ezisebenzisa i-inthanethi ukukhulumeza, ukukuphoxa noma ukukwehlisa isithunzi.
- Yilabo abayisebenzisa ukukuyenga ngenhloso yokukunukubeza ngokocansi.

Uzofunda kabanzi ngalokhu emakhasini alandelayo.



Ukuze uphephe ungalandelwa yilaba abantshontsha imininingwane yabanye abantu, kufanele ungalokothi utshele noma yimuphi umuntu ohlangana naye ku-inthanethi lokhu:

- Igama lakho langempela.
- Inombolo yakho yocingo.
- Ikheli lalapho uhlala khona.
- Imininingwane ephathelene nomndeni wakho.
- Isikole ofunda kuso.


Lolu lwazi lwenza kube lula ukuthi laba bantu abantshontsha imininingwane³ yabanye bazenze wena ku-



Isiqhwaga se-inthanethi yilowo owenza lokhu:

- Wabelana nabanye ngemininingwane yakho, afake ku-inthanethi izinto ezimbi ngawe.
- Ukhombisa ukuthi akakuthandi.
- Sitholakala ezinkundleni zokuxhumana, emagumbini okubanjelwa kuwo izingxoxo, emagumbini emidlalo, nakuma-imeyili.

Bikela umuntu omethembayo omdala uma kukhona isiqhwaga esikulandelayo empilweni yakho noma ku-inthanethi.



Abayengi abakuyengela ukukunukubeza ngokocansi ku-inthanethi kuvame ukuba ngabantu abadala. Bangazama ukwenza lokhu:

- Bathola yonke imininingwane ngawe
- Bakha ubudlelwano obenza ubethembe
- Babukeka bethembekile, belungile futhi bezokunakekela
- Bacela ubanike isithombe sakho
- Bakuyenga ukuthi wenze izinto ezinobungozi kuwe

Qaphela wonke umuntu ohlangana naye ku-inthanethi.



Akubona abantu ababi kuphela esinokubathola ku-inthanethi, kodwa kukhona nolwazi olungelona iqiniso futhi olunobungozi.

Ungakholwa yikho konke okufunda ku-inthanethi njengeqiniso.


Ungacela umuntu ongumzali noma uthisha akusize ukuhlola ukuthi ulwazi oluthola ku-inthanethi luyiqiniso noma aluyilona iqiniso.



Nazi zinto okufanele uziqikelele uma usebenza ku-inthanethi:

- Ziphathe ngokuyikho
- Hlonipha ngaso sonke isikhathi
- Hlala uqaphele

Uyohlala uphephile ku-inthanethi uma wenza konke lokhu.



Lonke ulwazi olufakwa ku-inthanethi kanjalo nezithombe, kungumthwalo wakho ngokugcwele.

Kufanele ucabangisise uma ufuna ukufaka ulwazi, izithombe zakho noma umndeni wakho ku-inthanethi.


Lokhu kungasetshenziswa ukucekela phansi noma ukwehlisa isithunzi somndeni wakho.

I-inthanethi ayikhohlwa noma yini oke wayithumela kuyo, ngisho noma usukucishile lokho.



Kumele uzihloniphe, futhi uhloniphe nabanye abasebenzisi be-inthanethi: ngalokho okushoyo, okuthumelayo kanye nalokho okwenzayo.

Ungesabi ukwazisa abazali bakho nganoma yini eyenzeka kuyi-inthanethi noma ngalowo ohlangane naye ku-inthanethi.



Hlala uqaphile uma usebenza ku-inthanethi. Akubona bonke abantu abazenza abangane bakho ku-inthanethi abangabangane abahle.

Sebenzisa lonke ulwazi oluthole kule ncwadi ukuze lukuholele ekutheni uhlale uphephile ku-inthanethi.



—Imibuzo

1. Bala izinto ezimbili onokuzenza ku-inthanethi.
2. Bala izinhlobo ezintathu zabantu abenza izinto ezimbi ku-inthanethi.
3. Kungani kubalulekile ukucela umuntu omdala akusize lapho usebenzisa i-inthanethi?
4. Bhala izinto ezimbili okungafanele wabelane ngazo nabanye ku-inthanethi.
5. Yini okufanele uyenze uma uzizwa ungaphephile ku-inthanethi?
6. Chaza noma yiziphi izinhlobo ezimbili zolwazi olutholakala ku-inthanethi ezingase zibe yingozi kuwe.
7. Akuyena wonke umuntu obonakala engumngani wakho, ongumngani wakho! Kusho ukuthini lokhu?
8. Uhlola kanjani ukuthi imininingwane oyifunda ku-inthanethi iyiqiniso na?



Le ncwadi ingenye yezincwadi ezine
eziwuchungechunge ezabhalwa ngenhloso
yokweseka ukufunda ngobuchwepheshe
bekhompyutha.

Iyingxenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi ye-
Zenex Ulwazi Lwethu ezabhalwa ngonyaka
wezi-2021.